



THE APOSTOLIC FAITH MISSION
OF SOUTH AFRICA

NEWSFLASH

With isiZulu Translations

24 OCTOBER 2025



AFM Colleague,

1.2026 YEAR PLANNING

Planning at regional and local assembly levels for 2026 is very important because it helps everyone work together toward clear goals. When leaders and members take time to set focus areas, goals, and activities, it gives direction and purpose to the year ahead.

It allows the church, its departments, and ministries to prepare wisely, use resources well, and make sure that efforts bring real results. Planning also helps to align local actions with the bigger vision and mission, so everyone moves in the same direction. It gives teams a chance to reflect on what worked in the past year, what needs to improve, and how to grow stronger in 2026.

Good planning creates unity, builds accountability, and keeps everyone focused on making a real impact in the community and for the Kingdom of God.



RESOURCES / IZINSIZA

Download the AFM of SA's
withdrawal of Membership
from TEASA:

<https://afm-ags.org/media-articles/>

Download the AFM of SA's
Response to the CRL's Call
to Regulate Religion:

<https://afm-ags.org/media-articles/>

Download the Latest AFM
of SA Circular – Pastors'
Appreciation Month:

<https://afm-ags.org/media-articles/>

Access & Download the
2026 AFM of SA National
Calendar:

<https://afm-ags.org/media-articles/>

Connect with Us:



1.UHLELO LONYAKA KA-2026

Ukwenza uhlelo lonyaka ka-2026 ezifundeni nasemabandleni kubaluleke kakhulu, ngoba kusiza wonke umuntu ukusebenzisana ukuze kufinyelelwe kwimigomo ecacile. Uma abaholi namalungu bezinika isikhathi sokukhomba izindawo okuzogxilwa kuzo, izinjongo, kanye nemisebenzi, kunikeza umhlahlandlela nomgomo wonyaka ozayo.

Kwenza ukuthi ibandla, iminyango, nezinkonzo zalo bazilungiselele ngokuhlakanipha, basebenzise izinsiza kahle, futhi liqinisekise ukuthi imizamo yabo iletha imiphumela yangempela. Ukuhlela futhi kusiza ekwenzeni ukuthi izinhlelo zamabandla zihambisane nombono omkhulu nomsebenzi webandla lonke, ukuze wonke umuntu ahambe ngendlela efanayo. Lokhu kinikeza amaqembu ithuba lokuzindla ngalokho okusebenzile onyakeni odlule, nalokho okufanele kuthuthukiswe, nokuthi angathuthukiswa kanjani ukuthi aqine ngo-2026.

Ukuhlela okuhle kudala ubunye, kwakha ukuziphendulela, futhi kugcina wonke umuntu agxile ekubeni nomthelela wangempela emphakathini naseMbusweni kaNkulunkulu.

2.PRAYING FOR OUR CHILDREN

Even though Saturday, 1 November 2026, is marked on the national year calendar as the official day of prayer for our children, it will be more practical to make time on Sunday, 2 November, to pray for them together as a church family. Our children are a precious gift from God, and they face many challenges in today's world. Praying for them as a congregation shows our love, unity, and trust in God's power to guide and protect them. Through prayer, we ask God to keep them safe from harm, give them wisdom to make good choices, and help them grow up with strong faith and good character.

We also pray for their future that they may walk in God's purpose and become a blessing to others. Proverbs 22:6 (NKJV) reminds us, "Train up a child in the way he should go; and when he is old, he will not depart from it." When we pray for our children, we invite God to shape their lives, guard their hearts, and lead them into a bright and godly future. Our prayers today plant seeds of faith and hope that will bear fruit for generations to come.



2.SITHANDAZELA IZINGANE ZETHU:

Noma uMgqibelo womhla zi-1 kuLwezi wezi-2026, kukhalenda yalonyaka kazwelonke ubekwe njengosuku olusemthethweni lokukhulekela izingane zethu, kuzoba kuhle kakhulu ukuthi sizinike ithuba ngeSonto, mhlaka zizi-2 ku-Lwezi, lokuzikhulekela ndawonye njengomndeni webandla.

Izingane zethu ziyisipho esiyigugu esivela kuNkulunkulu, futhi zibhekana nezinselele eziningi ezweni namuhla. Ukubathandazela njengebandla kubonisa uthando, ubunye, nokuthembela kwethu emandleni kaNkulunkulu ukubaqondisa nokubavikela. Ngomthandazo, sicela uNkulunkulu ukuba abavikele ekulimaleni, abanikeze ukuhlakanipha ukuze benze ukhetho oluhle, futhi abasize bakhule benokholo oluqinile kanye nezimilo ezinhle.

Sithandazela nekusasa labo—ukuze bahambe ngokwenjongo kaNkulunkulu futhi babe yisibusiso kwabanye. IzAga 22:6 (ZUL59) ziyasikhumbuza, “Khulisa umntwana ngendlela eyakuba-ngeyakhe, kuyakuthi lapho esekhulile angasuki kuyo.” Lapho sithandazela abantwana bethu, simema uNkulunkulu ukuba alolonge izimpilo zabo, avikele izinhliziyo zabo, futhi abaholele kwikusasa eliqhakazile nelinokuhlonipha uNkulunkulu. Imithandazo yethu namuhla itshala imbewu yokholo nethemba ezothela izithelo ezizukulwaneni ngezizukulwane.

Friendly Regards! | Ozithobayo!
Henri Weideman



THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH AFRICA

National Office

Building no. 14, Central Office Park, 257 Jean Ave, Centurion,
Gauteng, South Africa
P.O. Box 9450, Centurion, 0046
Tel: +27 12 644 0490 | Fax: +27 12 644 0732/4
www.afm-ag.s.org

Connect with Us:



YouTube

